Isicelo sokulungisa

Siyini isicelo sokulungisa (i-RFC)

Lapho uqaphela ukuthi wenze iphutha ngenkathi ugcwalisa amaphepha akho entela, inqubo yokucela ukulungisa i-Request for Correction ikunika ithuba lokulungisa amaphepha entela/ukudalula okade usukuthumelile.

Ningacela kanjani ukulungisa i-Request a Correction (RFC)?

I-RFC iyatholakala ngalezi zindlela:

- Nge-eFiling – lo mgudu ungasetshenziswa abasebenzisa i-eFiling ukucela, bagcwalise baphinde bathumele izilungiso.

    - Ngena ku-eFiling
    - Khetha
        - Returns (amaphepha entela)
        - Returns History (umlando wamaphepha entela)
        - Uhlobo lwentela olusebenzayo (isib. Intelangeniso, i-VAT, njll.)
        - Amaphepha entela/ukudalula okusebenzayo.
    - Cofa Open ngakwesokudla.

Uma usungene ku-workpage, khetha Request Correction:

Isungqangi:

- Uma ikinobho le-Request Correction lingekho (isib. linombala ompunga), lokhu kusho ukuthi ngeke ukwazi ukuthumela isicelo leso. Kuzodingeka ukuba ufake isicelo sokuphikisa.
- Qinisekisa ukuthi uthumela amaphepha entela/okudalula abukeziwe agcwaliswe ngokuphelele, hhayi lokhu okuhlukile kuphela.

Ulwazi olubalulekile kubakhokhintela uma begcwalisa i-RFC:

- Uzovunyelwa ukulungida iveshini yokugcina yokudalula ngakunye, ngakho-ke, qinisekisa ukuthi iveshini yokugcina eyiyo ilungisiwe.
- Angeke uvunyelwe ukunyusa intela efakiwe uma wenza izilungiso zenkathi eyedlule yentela. Uma ufisa ukunciphisa intela efakiwe ekhona enkathini edlule yentela, lokho kuncishiswa kungenziwa enkathini elandelayo yentela noma kunoma isiphi isikhathi esizayo sentela. Lokhu kungenziwa kuphela uma ukunciphisa lokho kwenziwe

eminyakeni emihlanu kusukela ngosuku lokufakwa kokuqala kwesicelo kuntela efakiwe.

Isungqangi: Emva kokulungisa i-VAT201 okwesibili kuya phambili (isib.iveshini 3), kumele kuthunyelwe amadokhumenti afanele (amadokhumenti esekelayo) ahambisane nesethulo ukweseka izinguquko ezenziwe.

Kunini lapho ingeke itholakale khona i-RFC?

I-RFC angeke ivunyelwe kulezi zimo ezilandelayo:

- Lapho kwaphothulwa khona ucwaningomabhuku noma inqubo yokuqinisekisa noma ukudalula okubukeziwe kwezinwa umsebenzisi weSARS.

- Uzodinga ukulinda umphumela lapho:
    - I-RFC eyodwa evunyelwe ngesikhathi senqubo yokuqinisekiswa isathunyelwe
    - Kunocwaningomabhuku oluqhubekayo, noma
    - Amadokhumenti afanele (amadokhumenti esekelayo) esevele esethunyelwe.

- Lapho kumele kwenziwe uhlolo ngokwalokhu okubekwe ngezansi, umkhokhintela angeke avunyelwe ukuba afake isicelo sokuphikisa
    - KuNtelangeniso (loMuntu siqu, leNkampani noma lamaQomangcebo) iminyaka emithathu emva kokuhlola noma lapho isinqumo sasingavunyelwe khona.
    - Kunoma isiphi isikhathi se-VAT esingaphezu kweminyaka emihlanu emva kokuhlola kanti kuDizili (amafutha angahluziwe) nasiphi isikhathi sentela esingaphezu kweminyaka emibili.